



Ukubambezeleka kokuhlahlw komoba oshile



Ubukhona beziteleka ebezithakele iMboni kaShukela akugcinanga ngokuba kuthikameze ukusebenza kwezigayo kuphela kodwa kugcine sekukapakela nasemasimini. Abalimi abaningi bazithole besenkingeni njengoba bebevele sebewushisile umoba abebezowuthu-mela esigayweni, kodwa ngenxa yeziteleka kwagcina kungenzekanga njengoba bebehlelile. Lokho kusho ukwenyuka kwenani lomoba obushisiwe nongakwazanga ukufinyelela esigayweni. Uma kwenzekile wafinyelela esigayweni, ufile sewehlelw ushukela (RV).

Abalimi babexakekile mayelana nomonakalo ongadala-ka ukungathathwa kwesinqumo esifanele ngamasimu abesevele eseshisiwe. Leziziteleka beziqhubeke kungazeki ukuthi zizophela nini. Yilapho-ke okube khona ukudideka okukhulu mayelana nokuthi, kumele umoba oshile uyekwe umile ungahlahliwe noma uhlahlwe ulale phansi? Lokhu kudide abalimi bagcina bethathe isinqumo sokungahlahli esiholele ekutheni abanye babo balahlekelwe kakhulu kunabanye. SiyiSikhungo esisebenza ngomoba siyitholile imibuzo evela kubalimi. Abalimi bebebuza ukuthi ikuphi okwakumele bakwenze ngesimo ababebhekene naso. Kuningi-ke abalimi abangakwenza uma umoba wabo ushe ngenxa yobudedengu noma ushiswe ngenhoso yokuthi uzohlahlwa. Okubalulekile ukuthi umlimi akumele ashiye umoba oshile umile ensimini uma ngabe ubusungaphezu kwamasentimitha angamashumi amahlanu (50cm), kumele umlimi awuhlalhe ngokushesha.

Wenzanjani uma kushe umoba osemncane?

Uma umoba usemncane ungakabi namalunga, umlimi angawuyeka lomoba ukuthi ubuye uzikhulele. Uma usunamalunga kodwa ungaphansi kwa-50cm lowo moba umlimi angeke akwazi ukuwuthumela esigayweni, kumele umlimi awuhlalhele phansi. Uma ikhanda lomoba lingafanga lowo moba usengakhula ubuye esimweni esikahle. Umlimi kumele athathe amasampula ogoqo emva kwesonto abheke ikhanda lomoba ukuthi lisaphila yini. Uma kusebusika umoba ushe ungenawo umswakamo owanele ungakuhlehlisa kancane ukuwahlala kuze kufike izimvula zokuqala zase ntwasa-hlobo. Uma umoba uhlaselwe isihlava kumele uhlahlwe.

Wenzanjani uma kushe umoba osukhulile?

Uma kusha umoba obuvele usukhulile kumele umlimi awuhlalhe awuyise esigayweni ngokushesha ukute ungalahlekelwa ushukela. Umoba oshile onogoqo olungagayeka akumele udluliselwe enkathini yokuhlahla elandelayo ngoba uzokhinyabeza ihlula elilandelayo. Kwezinye izikhathi kuyenzeka umoba ushe kancane kangangokuthi ikhanda lomoba lingafi, kodwa kube nezilonjana zokusha ogoqwensi noma esweni lomoba. Lezilonjana zokusha zingaba umsuka wokutheleleka kwesitshalo ngezifo okuzokwenza ukuthi kwehle ubuhle bomoba.

September 2014, Vol. 17, No.3


OKUQUKETHWE



Ukuhlonza uhlobo lomhlabathi: Yazi uhlobo lomhlabathi olusemasimini akho ukuze ukhethe imbewu eyiyo.



Asingancwabi imbewu sizolahlekwa: ukwazi ukujula komhlabathi wakho kuyakusiza uma usutshala.



Ukhula i-Famine: Vimba, bulala ugweme ukuba nalulukhula endaweni yakho.

Okunye ongakwenza ukuhlumelelisa insimu ebishile:

- Imlilo yequbula ikakhulukazi ivame ukwembula umhlabathi usale ungenazo izitshalo nokwenza kube lula ukuthi uguguleke. Siyaye sincome ukuthi umlimi ashiye itashi/upayi lumboze umhlabathi ukuze uvikeleke.
- Umlilo oshisa kakhulu ungalimaza isikhuthazi ebefifikwe ngaphezulu esingakaguduza kahle emhlabathini. Ukubheka ukuthi isitshalo esasihlaselwe umlilo sisitholile yini isikhuthazi esasifakelwe sona, umlimi kumele athathe isampula lamaqabunga uma umoba usukhula ngokujwayelekile ukuze abheke ukuthi kuzodingeka yini ukuthi aphinde engeze esinye isikhuthazi sangaphezulu.
- Ebusika, ukhula oluhalala isikhathi eside (perennial weeds) kumele lususwe ngesandla kusetshenziswe nezibulala-khula ezilwa nokhula lungakaqhumi. Uma izimo zivuma, kumele usebenzise izibulala-khula ezisebenza isikhathi eside. Uma sezifikile izimvula zokuqala zasentwasa-hlobo noma ehlobo kumele lususwe ngesandla usebenzise nezibulala khula ezisebenza isikhathi eside ezifuthwa uma ukhula lungakaqhumi noma lusanda kuqhuma.

UMOBA OSHISIWE AKUMELE USETSHENZISWE NJENGEMBEWU, KUMELE UYISWE ESIGAYWENI.



Ibhaliwe ngu: Nqobile Nxumalo
(uMxhumanisi wakwa-SASRI)

Ukuhlonza uhlobo lomhlabathi kunenzuzo

Uhlelo lokweluleka abalimi luqala ngokubheka uhlobo lomhlabathi bese uluxhumanisa nesitshalo ozositshala. Ukufeza lenhoso uMeluleki weZolimo ngokubambisana nabalimi kumele bakhe uhlelo oluqondile nolulandelekayo olufaka uqeqesho oluzocathulisa abalimi nokuyibona abasuke bezohlomula kulona. Loluhlelo luqala ngokuba khona kosuku lwabalimi lokuhlonza uhlobo lomhlabathi, kulandeliswe ngezinye izinsuku zabalimi kuze kufike esigabeni sokuqagulwa kwezilinganiso zomoba. Kube sekwakhiwa amanani ekusuke kuzothengiswa ngawo imbewu, bese kuqinisekiswa uhla lwabalimi abazoyithenga imbewu.

UMnu. Bongani Vidima okwakutshalwe insimu yesibonelo (Demonstration plot) endaweni yakhe. Lensimu yahanjelwa mhlaka-26 kuMfumfu (October) 2012 ngabalimi abangama-26 kanye nezinhlaka ezihlukeni ezixhase abalimi.

Kulolu suku yilokhu okuthathu okwaqinisekiswa:

- 1) Uhlobo lomhlabathi olubizwa nge-Sweetwaters
- 2) Ukujula komhlabathi okungama-1.5 wamamitha
- 3) Umkhiqizo ongatholakala ongamatnani angama -120 kwi hheke.

1. Kubaluleke ngani ukwazi uhlobo lomhlabathi ensimini yakho?

- Umhlabathi awufani kanjalo nokukhiqiza kwavo akufani. Uma wazi uhlobo lomhlabathi olusemasimini akho, amathuba okuthi wenze amaphutha ngokutshala imbewu engahambelani nomhlabathi wakho ayancipha okusho ukuthi ungathola isivuno esifanele.




Umhlabathi ongajulanga kakulu onobumba oluningi wenza kube nzima ukuthi izimpande zijule zikwazi ukumunca imisoco nomswakamo.



Umhlabathi ojutile oyihlabathi uvumela izimpande ukuthi zijule kakulu zikwazi ukumunca imisoco nomswakamo.

2. Kubaluleke ngani ukwazi ukujula komhlabathi wakho?

- Uzokwazi ukuthi izimpande zomoba zingajula kangakanani



- *Ujule ngaphansi kwemitha (<1m)*

- *Isivuno singaphansi kwamathani ayikhulu ehhekeni (<100tons/ha)*

- *Ujule ngemitha nangaphezulu (>1m)*

- *Isivuno singamathani ayikhulu nangaphezulu ehhekeni (>100tons/ha)*

3. Kubaluleke ngani ukulinganisa umkhiqizo ongawuthola ensimini yakho?

- Kusiza umlimi abuyekeze ukuthi ikuphi okungahambanga kahle ensimi yakhe uma ekhiqize ngaphansi kwesilinganiso

Izhinlubo zembewu okwahlonzwa ukuthi zitshalwe kulensimu yesibonelo i-N12 ne-N48 ukuze kuqhathaniswe isivuno esizotholakala. Insimu eyisibonelo yaseMabheleni yatshalwa ngoZibandlela (December) ka-2012, yafakwa umanyolo ngokulandela izincomo zikamanyolo ezivela kwa-SASRI (FAS). Ukunakekela insimu kwaba sezandleni zikaMnu. Vidima njengokunikela kwakhe ngendawo. Le nsimu wayiphatha ngendlela eyiyo ngokulandela zonke izindlela zokukhulisa kahle umoba.

Imiphumela eyatholakala uma kuqhathaniswa izinhlubo zomoba i-N12 ne-N48

Imininingwane	i-N12	i-N48
Izilinganiso ngehheka	120	120
Isivuno ngehheka	125 wamathani	130 wamathani
Ushukela (RV %)	13.31	14.74
Inzuko ngehheka	R 55737,25	R 64147,90
Inani likashukela (RV) ngoNhlaba (May) 2014: R 3 337. 56		

Ngokwalesibonelo saseMabheleni ukuxhumanisa uhlobo lomoba nomhlabathi kube nalemiphumela:

- Umlimi angakhetha ukutshala u-N48 ngoba ukhombise isivuno esihle kanye noshukela owengeziwe.
- Lokhu kwaholela ekutholakaleni kwenzuzo elinganiselwa ezingama R8 410.65 ngehheka ngaphezulu.



Ibhawo ngu: William Gillespie kanye no Joe Nkala (aBeluleki beZomoba bakwa-SASRI)

Ingabe uyayingcwaba noma uyayitshala imbewu yakho yomoba?



Ibhawwe ngu: John Neen (uMeluleki
weZomoba wakwa-SASRI eMatikulu)

Uma kuvuselelwa insimu endala itshalwa kabusha, kumele umoba omdala ubulawe kahe ngaphambi kokuthi kulungiswe umhlabathi. Uma umoba omdala usubulewe umlimi usengaqla alungise insimu yakhe ukuze atshale.

Ukuze uthole umhlabathi ocolisekile, kumele ubulale amagabade usebenzisa igeja noma isigedlezo/isibhuqo (i-disc harrow). Uma usunomhlabathi ocolisekile, usungavula imisele ufake umanyolo bese utshala. Imbewu kudingeka imbozwe ngomhlabathi. Lomsebenzi kusuke kungesiwona owokungcwaba ngaleyondlela qikelela ukuthi awembozi ngokweqile. Uma ugqibe ngokweqile, umoba uyophuza ukuqhuma noma ungaqhumi nhlobo. Udinga ukwemboza ngomhlabathi osukela kumasentimitha amathathu kuya kwamahlanu (3 – 5cm).




Umhlabathi ongaqinile

Ezikhathini eziningi kusetshenziswa igeja lokuvula imisele (i-ridger) bese kuyatshalwa. Uma umhlabathi ungaqinile kakhulu kangangokuthi igeja lokuvula imisele lisebenza kahe, kumele wenze umsele ojule nge-10cm kuya e-15cm (isib. umsele ojule kakhudlwana ungasetshenziswa uma uzotshala ngoMasingana (January) kuya kuNhlolanja (February) uma kushisa). Qaphela ukuthi awuwungcwabi umoba ngoba ukujula komsele, kusho ukwehla kwezinga lokushisa komhlabathi nokungaqhumi kahe komoba. Uma uwungcwaba, amazinga okushisa azobe ephansi okuzokwenza ukuthi imbewu yakho iqhume kancane.

Ukugqinqa umhlabathi kancane ngesondo noma ngonyawo kungasiza ukuthi kube khona ukuthintana kahe kwembewu nomhlabathi. Ukucindezela usebenzisa isondo likaganda-ganda kungaba nobungozi obukhulu ikakhlukazi uma umhlabathi umanzi.

Abasebenzi bemboza imbewu yomoba.



Asiyimboze imbewu singayincwabi.

Umhlabathi oqinile

Uma umhlabathi uqine kakhulu kangangokuthi igeja lokuvula imisele atikwazi ukusebenza kahe, lapho umhlabathi kumele uqale uthanjiswe/uvukuzwe ngegeja lokuvukuza noma lokulima (i-ripper noma i-plough). Lokhu kuvukuza noma ukulinywa kwensimu kumele kujule kusuka ku-20cm kuya ku-25cm (kumele kujule nge-10cm ngokwengeziwe emseleni wokutshala). Ngeshwa, lomsebenzi ushiya umhlabathi unamagabade, okungekuhle ukuthi ungaqhumi. Isizathu esenza kungabi kuhle ukumboza umoba osuwutshalile ngamagabade amakhulu, kuba nezikhala phakathi komoba nomhlabathi bese kulahlekwa umswakamo. Lokhu kuholela ekungaqhumi kahle komoba. Ukuze umoba uqhume kahe, kudingeka ukuthi wembozeke. Lokhu kuzokwenza ukuthi imbewu yomoba ifudumale bese ikwazi ukumunca umswakamo nemisoco.

Asikhulumbe Mlimi

Kwiphephandaba lethu elizophuma ngoMasingana (January) sesizoba nengxenyenqebi entsha ebizwa ngokuthi "Asikhulumbe Mlimi". Lapho abalimi bangathumela imibono, imibuzo kanye nezincomo kochwepheshe beSikhungo Sezocwaningo Lezomoba (SASRI). Bangasithinta ocingweni (031 508 7511/071 850 7292), bangathumela izincwadi kwikheli lethu (KMU-INGEDE, 170 FLANDERS DRIVE, Private Bag X02, MOUNT EDGECOMBE, 4300) noma kuNqobile.Nxumalo@sugar.org.za kuyintokozo futhi siyakuthokozela ukuzwa kini balandeli bethu.



Amasu Asemqoka



Abeluleki: SASRI

Abalimi kumele baqikelela ukuthi lemisebenzi elandelayo bayenza ngesikhathi okuyiso nangendlela okuyiyo emobeni ukuze bathole inzuko ekugcineni.

NgoMandulo (September)

- Sebenzisa izibulalakhula zesikhathi eside ngoba umoba wakho usuke ungakkhuli kakhulu futhi ungakkambozi. Ngokufutha lolu hlobo lwasibulalakhula uzobe ulekelela umoba wakho ngoba ukhula luncintisana nawo ngendawo, imisoco, amanzi kanye nangelanga. Izigubhu nezingubo ezivikelayo ebezigqokiwe ngenkathi kufuthwa izibulala-khula kumele zihlanzwe kahle ukuze zizoba sesimweni sokusebenza ngokuzayo uma kudingeka uzisebenzise.
- Kumele engabe le nyanga ifike usuqualile ukufaka isikhuthazi emobeni wakho ngoba ukufudumala kobe sekukhona. Ukfika kwezimvula kule nyanga kusho ukuthi kufanele uhlelo lwakho lokufaka isikhuthazi luqhubeke ikakhulukazi kulezi zindawo eziogwini. Isikhuthazi akumele sifakwe noma yikanjani kodwa umlimi kumele aqikelele ukuthi ulandela izincomo zokufaka isikhuthazi azithole kwa-SASRI (FAS) ukuqinisekisa ukuthi isitshalo sithola imisoco esiyidingayo.
- Abalimi kumele baqikele ukuthi uma bezotshala basebenzisa imbewu ehloliwe. Kulawo masimu angamahlumela wonke amavolontiya kumele asuswe ensimini. Uma izimvula seziqalile, qala ukutshala kwakho kwasentwasa-hlobo. Lokhu kuqinisekisa ukuthi isitshalo sakho sikuthola konke ukufudumala nezimvula zasehlobo ngaleyondlela siyokhula kahle sikulethele nenzozo.



NgoMfumfu (October)

- Amasimu abefuthwe ngenyanga ephelile kumele ahlolwe ukuze ubone uma isibulala-khula sakho singalubulalanga lonke ukhula. Ukuze ungamoshi imali nesibulala-khula futha ukhetha amabala.
- Ezindaweni ezimaphakathi nesifundazwe (Mid-lands), qikelela ukuthi ubheka ukhula olungaba khona emobeni odluliselwe kwinkathi yokuhlahla elandelayo ulwe nalo lolo khula.
- Hlola ukuthi isihlava sikhona yini emasimini akho azodluliselwa kwinkathi ezayo.



NgoLwezi (November)

- Imingcele yamasimu namabhande omlilo kumele ahlale ehlanzekile esikiwe ukuze angaphenduki izidleke zezifo nezinambuzane.
- Bhekisia amasimu atshalwe uhlolo lomoba oluvamise ukuhlaselwa umabalabala (mosaic). Khipha izisinde/xhanti ezihsaselwe isiwumba (smut). Khumbula ukuthi akutshalwa phakathi kuka Lwezi (November) no Nholanja (February) ngenhlosi yokugwema isifo umabalabala kulezo zindawo esiyinkinga kakhulu khona.



NgoZibandlela (December)

- Qinisekisa ukuthi konke okumele kwensiwe emasimini njengokulwa nokhula sekuphuthuliwe ngaphambi kokufika kwesikhathi sekhefu.
- Ungakhohlwa ukuthatha amasampula amaqbunga ehlolo ukuze uhlole ukuthi uhlelo lwakho lokufaka isikhuthazi luhambe kanjani.



Uhlelo lwe-SUSFARMS® yilo olunconywayo ukuthi lusetshenziswe ukuze lusize umlimi alime ngendlela esemthethweni. Lolu uhlelo umlimi angalusebenza ukuphatha ipulazi lakhe. Abalimi bangathintana nabeluleki babo ukuze bathole ulwazi lokuthi lolu hlelo lusetshenziswa kanjani.

Ukhula i-Famine (*Parthenium*)



Qaphela

KwiNgede ebiphume ngoNhlabu(May) 2014 kwaqwashiwa abalimi ngokhula oluyingozi i-Parthenium (i-Famine). I-Famine ukhula olucindezelu izitshalo ngobuthi olubukhipha ezimpanden, kwimpova nakwitsitshalo esibunayo. Selusabalale cishe kwiMboni yonke kaShukela. Nemfuyo iyakhinyabezeka nenhlalo yompakathi ngokunjalo. Kunzima ukulwa nalolukhula uma umlimi engayinakekelanga insimu yakhe. Uma seluze lwaqhakaza kusuke sekonakele ngoba lusabalala kalula. Lolukhula lukleliswe esigabeni sokuqala kwezitshalo eziyizifiki, ngakhoke alubulaweh. Lolukhula alungobeki ngendlela eyodwa kudingeka luvinjwe, luhlakulwe, lufuthwe luhphende luhlaseliswe ngezinhlaseli.

Ezinye zezindlela zokuluvimba ukuthi lumile:-

- Qinisekisa ukwemboza komoba ngokushesha.
- Vikela izikhala emigqeni yomoba.
- Tshala umbila noma ujika nelanga (sunflower) uma insimu uyiphumuza.
- Amadlelo awangadleki ngokweqile.
- Vuselela izindawo ezigugulekile ngokutshala utshani.
- Hlakaza upayi/itashi ensimini emva kokuhlahla kodwa lungabi luningi kakhulu.

Ngokuluhlakula, ungalandela lezindlela ezilandelayo:-

- Alususwe luseluncane lungakaqhakazi.
- Uma uluhesa maqondana nomhlabathi lubhebhethuka kakhulu kungakapheli ngisho nenyanga.
- Ukululima ngokujulile sakuligqiba kuyasiza kodwa uma lugqibeleke phezulu kudala ukuvikeleka kwembewu engabuye iqhum.
- Ukulushisa nako kuyalwandisa kodwa uma ushisa ngokuphindelela kungehlisa ubuningi balo uma kusheshe kwamila isimila osihlosile. Kumele umlimi aqikelele ngoba intuthu ingagqugquzel. **QAPHELA: VIKELA UMOBA UMA USHISA!!!**

Ukulunqanda ngezibulala-khula

Izibulala-khula ziyalunqanda uma lunesikhashana luqhumile okungaba isonto elilodwa kuya kwamane. Isona sigaba esikahle laphozikwazi ukusebenza kahle khona. Isibulala-khula ongasisebenzisa (isib. Glyphosate ne-Metsulfuron-methyl) kumele sibe nombhalo okhombisa igama Parthenium hysterophorus kwilebuli. Kumele kufuthwe kuphindelela kuze kumile isitshalo osihlosile.

Isikhungo sezocwaningo (SASRI) sinxenxa abalimi ukuba bahole amasimu abo ukwenzela ukunqanda lolukhula bathinte uMeluleki uma belubhadama.

IFAMINE MAYINQANDWE ISAQHUMA IYINGOZI



Ibhawo ngu: Sifiso Hlela (uMeluleki weZomoba wakwa-SASRI oPhongolo)

ABADIDIYELI

Bongi Bhengu, Nqobile Nxumalo, Sifiso Hlela, Joe Nkala, Patrick Ngcobo & Sagie Doorsamy (Umhleli) Ikhishwa kathathu ngonyaka; January, May nangoSeptember

Imibono nemibuzo: Nqobile Nxumalo: 031 508 7511 Email: nqobile.nxumalo@sugar.org.za